**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU DLHOMO EMCIMBINI WOKULAPHA IZILONDA ZOMPHEFUMULO EZIDALWA IZINGOZI ZOMGWAQO ENTAMBANANA EMPANGENI MHLAKA 07 OCTOBER 2012.**

Mphathi wohlelo;
Amalungu eSishayamthetho;
Amakhosi aseNdlunkulu;
IMeya yoMkhandlu waseNtambanana;
Amakhansela;
Izinduna;
Abefundisi bonke ngaphansi kwe-Interfaith Committee;
Izinhlaka zomphakathi zonke ngokwehlukana kwazo;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela nonke.

Mangiqale ngokunibonga nonke ngokuthi nikwazile ukuphumelela uma sinimema kulo mcimbi wanamhlanje. Siyazi ukuthi ngalolu suku lweSonto iningi lethu liba matasatasa ngemicimbi ehlukene emindenini nasezihlotsheni.

Siyazi futhi ukuthi abanye bethu kuba nzima ukuphutha ezinkonzweni zabo. Sithi siyabonga ukuthi nonke nisihloniphile uma sihlaba ikhwela njengoHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uKhabazela, sibonga kakhulu.

Lo mcimbi wanamhlanje uyingxenye yeminye eminingi esiyenzayo ngale nyanga njengoba ezweni lonke u-October uyinyanga yezokuthutha. Ngale nyanga sibheka izinto eziningi ezithinta ezokuthutha, okuhlanganisa ingqalasizinda yomgwaqo, ezokuthutha umphakathi bese kuba nezokuphepha emgwaqeni.

Yingakho-ke namhlanje sithe njengoHulumeni ake siphume sibheke abantu bakithi ababhekene nesimo esisaziyo sonke – isimo esinzima kakhulu sokushiywa isithandwa, noma isihlobo noma umngani, ungalindele. Ukushaqeka kokumangazwa isehlakalo esibuhlungu ungazelele. Uzwe sekuthiwa selidume ledlula.

Kodwa-ke vele lona lolu hlelo lokwelapha izilonda zomphefumulo kwabathinteke ngezindlela ezahlukene ezingozini zomgwaqo siluqale ngonyaka ka-2010. Inhloso enkulu yethu ngukuba sibheke ukuthi impilo iyaqhubeka kubantu ngemuva kokushiywa ngabathandiweyo noma ukulimala ezingozini zomgwaqo.

Lokhu kuhlanganisa ukuqinisekisa ukuthi kutholakale nako konke okuyizibonelelo zikaHulumeni kwabafanele.

Size senza lokhu nje, kusukela ekutheni besilokhu sithola imibiko yokuthi kunabantu abaningi abangagcini ngokuba yizisulu zezingozi zomgwaqo nje kuphela kodwa bagcina sebeyizisulu zamaqili afaka ama-claim kwa-Road Accident Fund (RAF) emagameni abo kanti afuna ukuzicebisa wona.

Kwezinye izindawo kugcina kusele izintandane, mhlambe ngokungabikhona komuntu onolwazi ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya, uthole ukuthi lezo zingane azisitholi isibonelelelo sikaHulumeni kanti mhlambe iminyaka yazo isazivumela ukuba zisithole.

Sabe sesijuba ithimba lomNyango wethu wezokuThutha elisebenzisana neminye iminyango ethintekayo njengowezeMpilo nokwezokuThuthukiswa komphakathi kanye nabe-RAF, ukuba bahambele zonke izingxenye zesifundazwe bathole abantu abanezingqinamba ekutholeni usizo.

Kulo nyaka wezimali nje kusuka ngo-April kuze yimanje sesithole izicelo zezinxephezelo ze-RAF ezingu-1993 esifundazweni sonke, kwathi ezingu-991 kulezo lwaphothulwa uphenyo ngazo. Njengamanje bangu-176 asebekhokhelilwe izinxephezelo zabo.

Lapha kwi-Region yaseMpangeni sesicubungule izicelo ezingu-374 kusukela ngo-April kuze kube manje, sekusele ukuba kukhokhwe kulezo eziphumelele. Konke lokhu kwenzeka ngaphandle ngaphandle kwabameli, okusho ukuthi konke kwenzeka mahhala.

Ngenxa yokuthi umuntu umthetho unika umuntu ithuba lokufaka isicelo eminyakeni emithathu kuphela kusukela kwenzeke ingozi, kulezi zicelo kukhona ezisukela ezingozini ezenzeka ngo-2010 kuze kube yilo nyaka ka-2012.

Sengikushilo konke lokhu, ngithanda ukugcizelela kodwa ukuthi ngeke sibe yisizwe esisimeme uma impilo yethu izobuswa ngukuthi senza noma kanjani ngoba sinoHulumeni wethu onxephezelayo.

Bheka nje ngoba ngezingozi zomgwaqo izwe lethu lichitha imali yabakhokhi bentela ebalelwa ku-R56 billion ngonyaka ngokukhokhela izinto ezahlukene njengazo izinxephezelo ze-RAF, ukulashwa kwabalimele nokondliwa kwezintandane.

Le mali ngabe isetshenziselwa intuthuko nokwakha amathuba emisebenzi kweminye imikhakha yempilo. Manje uma ubheka igebe esisadinga ukulivala ekwakhiweni kwemigwaqo, ukulethwa kwezidingo zezempilo nokuthuthukiswa komphakathi kwezenhlalakahle, uyabona nje ukuthi ngempela izingozi zomgwaqo zisihlehlisela emuva kanjani.

Njengoba sisenyangeni yezokuthutha nje, sesilwethulile nohlelo lwezokuphepha emgwaqeni ngesikhathi samaholide kaKhisimusi. Sithe masisheshe siluqale futhi ngalo nyaka njengoba senza nangodlule ukuze sibe nesikhathi eside sokuqinisekisa ukuphepha emigwaqeni yethu.

Yingakho-ke futhi namhlanje sizohlaba ikhwela ukuba kube yithina sonke esisukumayo njengemiphakathi silekelele imikhankaso kaHulumeni yokuphepha emgwaqeni. Njengoba isifundazwe siqhuba umkhankaso ka-Operation Val'ingozi, kuzomele sonke sibhukule sithi sizozivala izingozi zomgwaqo.

Kuyasikhathaza ukuthi nakuba sikuqaphela ukusabela kwabantu bakithi ikhwela likaVal'ingozi, kodwa usemncane kakhulu umehluko wokwehla kwezingozi zomgwaqo.

Ngonyaka odlule ngo-August salahlekelwa ngabantu abangu-182 kanti ngale nyanga ngesikhathi esifanayo silahlekelwe ngabantu abangu-178 emigwaqeni yethu.

Ngo-September wonyaka odlule salahlekelwa ngabantu abangu-175 kanti kulo nyaka babe ngu-158 ngesikhathi esifanayo.

I-Region yaseMpangeni-ke iyaziwa ngokuthi ijwayele ukusithela ngehlazo uma sekuyilezi zikhathi zikaKhisimusi. Ngikhuluma nje selokhu ngangena kulo mNyango ngo-2009 awekho amaholide angakaze abe nenhlekelele edlula nabantu abangaphezulu kwabahlanu ngesikhathi esisodwa.

Indawo esikhathaza kakhulu yilaphaya ku-N2 phakathi kweMandeni noMtuba, bese kuba yilo mgwaqo osuka eGingindlovu uya eVryheid noma ungene ngoLundi 19 ubheke KwaNongoma. Leyo migwaqo siyisebenza kakhulu manje ngethimba lethu le-Red Spot Team elibheke zonke izindawo ezivame ukuba nezinhlekelele.

Kodwa njengoba sengishilo, ekugcineni ukuphepha emgwaqeni kusezandleni zabasebenzisa umgwaqo uqobo. Abasebenzisi bomgwaqo yibona okumele bahloniphe imithetho yomgwaqo.

Uyabona nje, ngimangale kabi ngolweSine ngenkathi sethula ubuchwepheshe obusha bamakhamera laphaya eHowick ngaseMgungundlovu. Lobu chwepheshe bubheka ijubane imoto ehamba ngalo ngokuthi bukale isikhathi edlula ngaso kwikhamera yokuqala nesikhathi efika ngaso kwelandelayo.

Le khamera ikwazi ukushutha izinombolo zemoto bese kuphuma yonke imininingwane ngaleyo moto nokwenza kuvele amacala ngokusuke kungalungile emotweni. Kulokhu kuvela ngisho izimoto ezebiwe, okuyinto elekelela namaphoyisa e-SAPS.

Okungimangazile laphayana ngukuthola ukuthi ngenyanga eyodwa ebangeni elincane nje kusuka e-Balgowen kuya e-Nottingham ku-N3 kudlule amatekisi angaphezulu kuka-50 namabhasi angaphezulu kuka-70 angawugcini umgomo wejubane.

Cabangake ngoba lapha sikhuluma ngezithuthi zomphakathi. Lokhu kusho ukuthi kunemindeni eminingi esuke isengcupheni yokuba sengozini ngaleso sikhathi.

Ngaso futhi lesi sikhathi kube namaloli amakhulu angu-1895 abegijima ngokweqile. Kwabangayazi-ke le ndawo esikhuluma ngayo lapha sikhuluma ngendawo ebheke eMaritzburg uma uqhamuka ngaseMooi River. Le ndawo isinomlando wezingozi ezenziwa ngama-truck imini nobusuku. Manje sesiyabonake ukuthi enye yezimbangela zalokho yini.

Okunye okutholakele kube yizimoto ezingu-6490 eseziphelelwe ngamalayisensi, izimoto ezingu-6806 ezingekho esimweni sokuba semgwaqeni, kube ezingu-1111 ezifunwa ngamaphoyisa nezingu-4348 ezinezinombolo okungezona ezazo.

Lapha sikhuluma ngale ndawo encane phakathi kwe-Nottingham ne-Balgowen kuphela hhayi eminye imigwaqo, okukhombisa kona ukuthi sibi kangakanani isimo emigwaqeni yethu.

Mangithathe leli thuba ngiphinde ngigcizelele ukuthi kubalulekile manje ukuba sihlangane siyiminyango kaHulumeni, izinhlaka zezenkolo namakhosi ukuba kulekelelwe imindeni ethintekile. Sithi amanxeba asiwabhandishe ngalolo hlobo ngaphansi kwalo luhlelo.

Masisukume sakhe isifundazwe singalokhu kwaba yithina esihamba phambili ngezibalo umakukhulunywa ngezinto ezimbi. Masilusebenzise ngokufanele lukaSukuma Sakhe olwasungulwa nguNdunankulu.

Uma sihlangana kuma-War Room ngaphansi kwalolu hlelo kumele sibheke nalokhu kokuthi ayikho yini imindeni engaziwa ukuthi ayilutholile usizo ngemuva kokuvelelwa yingozi yomgwaqo.
Mangibonge ngethuba ngigcine ngokunxusa ukuthi sonke esilapha siphume ngobuningi bethu siyokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni. Sonke esisebenzisa umgwaqo masihloniphe imithetho yomgwaqo senze okufanele.

Sengathi singaphepha kuze kushaye uKhisimusi singene nasonyakeni omusha siphephile.

**Ngiyabonga.**